

Izinguquko Ngokuphathelene Nokuthatha Umhlalaphansi

Okumele ukwazi

Eminyakeni embalwa edlule, uhulumeni ubebukeza futhi eshintsha imithetho elawula imboni yezikhwama zokuthatha umhlalaphansi. Lezi zinguquko ngokuphathelene nokuthatha umhlalaphansi ziphokophele ukuqinisekisa ukuthi wongela ngokwanele ukuthatha umhlalaphansi nokuhi imali oyongile ivikelekile.

Ezinye izinguquko, okwakumele zenzeke ngoMashi 2015, sezizoqala ukusebenza ngomhlaka 1 Mashi 2021.

Lezi-ke zibizwa ngokuthi yi-“T-Day”.

IT DAY



Ngabe kunomthelela kanjani kuwe?

- Imithetho ye-T-day isebenza kuphela ekutheni imali yakho esezikhwameni ezihlinzekelayo kanye nezikhwama ezihlinzekelayo zokugcina imali ikhokhwa kanjani.
- Akukho lutho olushintshayo uma ukhipha imali ngaphambi kokuthatha umhlalaphansi – usengakwazi ukuthatha yonke imali oyongile njengokheshi.
- Kusukela ngomhlaka 1 Mashi 2021, imihlomulo ephathelene nezikhwama ezihlinzekelayo/izikhwama ezihlinzekelayo zokugcina imali zizoba nemithetho efanayo nezikhwama zokuthatha umhlalaphansi.
- Amasheya akho obulungu azoba nezingxenye ezimbili:



Uma uneminyaka yobudala engama-55 noma ngaphezulu ngomhlaka **1 Mashi 2021**, ngeke uthintke ngokuphathelene nanoma yimiphi kule mithetho emisha – inqobo nje uma uzoqhubeka nesikhwama esihlinzekelayo / isikhwama esihlinzekelayo sokugcina imali.

Ngabe i-T-Day izoba nomthelela kanjani emihlomulweni yakho yokuthatha umhlalaphansi kusukela ngomhlaka 1 Mashi 2021?

Nquma ukuthi yisiphi kulezi zikokela esihambisana nawe bese ufunda lesi srigaba kuphela

Uma ungaphansi kweminyaka yobudala engama-55 ngomhlaka 1 Mashi 2021, futhi

Wonga imali **esikhwameni esihlinzekelayo** noma **esikhwameni esihlinzekelayo sokugcina imali**

Uzoba **Nesheya Lelungu "Eliqinisekisiwe"** (amalungelo aqinisekisiwe)




Isheya Lelungu "Elingaqinisekisiwe" (amalungelo angaqinisekisiwe)



- Yonke imali yakho oyongile kuze kube umhlaka 28 Febhruwari 2021 (kanye nenzuzo yayo) izoba kule ngxenye.
- Ungathatha le ngxenye njengokheshi uma usuthatha umhlalaphansi.

- Yonke imali yakho oyongile (kanye nenzuzo yayo) kusukelangomhlaka 1 Mashi izoba kule ngxenye.
- Uma le ngxenye ingu-R247 500 noma ngaphansi, ungathatha le ngxenye njengokheshi uma uthatha umhlalaphansi.
- Uma le ngxenye ingaphezu kuka-R247 500, kungadingeka ukuthi uthathe kuphela ingxenye eyodwa kokuthathu njengekheshi bese uthatha izingxenye ezimbili kokuthathu ukuze uthenge impesheni uma usuthatha umhlalaphansi.

Uma uneminyaka yobudala engama-55 ngomhlaka 1 Mashi 2021, futhi


Wonga imali **esikhwameni esihlinzekelayo** noma **esikhwameni esihlinzekelayo sokugcina imali, futhi**

Uhlala esikhwameni esifanayo uze uthathe umhlalaphansi.

Uzoba **Nesheya Lelungu "Eliqinisekisiwe"** (amalungelo aqinisekisiwe)



- Yonke imali yakho oyongile kuze kube umhlaka 28 Febhruwari 2021 (kanye nenzuzo yayo) kanye nayo yonke imali eyongiwe kusukela mhlaka 1 Mashi 2021 (kanye nenzuzo yayo) izoba kule ngxenye.



- Ungathatha yonke imali oyongile kule ngxenye, kanye nenzuzo yayo, njengokheshi uma usuthatha umhlalaphansi.

Uma uneminyaka yobudala engama-55 ngomhlaka 1 Mashi 2021, futhi

Wonga imali **esikhwameni esihlinzekelayo** noma **esikhwameni esihlinzekelayo sokugcina imali, futhi**

Uma **udlulisela** imali esikhwameni esisha **ngemva komhlaka 1 Mashi 2021**

You'll have a **"Vested" Member Share** (vested rights)




Isheya Lelungu "Elingaqinisekisiwe" (amalungelo angaqinisekisiwe)



- Yonke imali yakho oyongile ngesikhathi sokudlulisela kwesinye isikhwama/ eyongiwe esikhwameni esidala (kanye nenzuzo yayo) kuzoba kule ngxenye.
- Ungathatha le ngxenye njengokheshi uma usuthatha umhlalaphansi.

- Yonke imali yakho oyongile (kanye nenzuzo yayo) esesikhwameni esisha kule ngxenye.
- Uma le ngxenye ingu-R247 500 noma ngaphansi, ungathatha le ngxenye njengokheshi uma uthatha umhlalaphansi.
- Uma le ngxenye ingaphezu kuka-R247 500, kungadingeka ukuthi uthathe kuphela ingxenye eyodwa kokuthathu njengekheshi bese uthatha izingxenye ezimbili kokuthathu ukuze uthenge impesheni uma usuthatha umhlalaphansi.